**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Hlela umsebenzi wakho ngamaphuzu (uhlaka) noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.

6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.

7. Uyelulekwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Amaminithi angama-80 |
| ISIQEPHU B: | Amaminithi angama-40 |
| ISIQEPHU C: | Amaminithi angama-30 |

8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha lemibuzo.

9. Nikeza impendulo NGAYINYE isihloko esifanele.

10. UNGAZIBALI izihloko lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**ISIQEPHU A: INDABA**

**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

1.1 Ngiyazisola ngokungalaleli ngenkathi bengikhuza. **[50]**

1.2 Izindlela zokuvimba ukukhulelwa kwezingane ezincane. **[50]**

1.3 Ukungabi bikho kwamathuba emisebenzi kudala izinkinga eziningi emiphakathini. **[50]**

1.4 Imibono ehlukene ngabantu abenza imali ezinkundleni zokuxhumana. **[50]**

1.5 Kungabe umuntu okhuluma iqiniso uyathandeka? **[50]**

Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala indaba. Bhala inombolo yombuzo (1.6, 1.7 NOMA 1.8) bese uyinika isihloko indaba yakho.

**QAPHELA:** Indaba yakho mayihambisane nesithombe/nokwenzeka esithombeni.

1.6



[Sicashunwe ku-www.googleweather.com] **[50]**

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 **INCWADI YAKOMKHULU/ESEMTHETHWENI**

Ubugebengu bokubulawa nokungenelwa kwabantu asebekhulile emakhaya abo buyanda.

Bhalela **uMphathisiteshi** samaphoyisa ucele usizo lokulwa nalobu bugebengu. **[30]**

2.2 **UMLANDO NGOMUFI**

Funda lesi saziso senkonzo yomngcwabo esilandelayo bese ubhala umlando ngomufi.




Bhala **umlando ngomufi** usebenzise imininingwane oyinikeziwe. **[30]**

2.3 **INDATSHANA/I-ATHIKHILI YEPHEPHANDABA**

Bhala **indatshana/i-athikhili yephephandaba** ngesihloko esithi:

Makuvulwe amabhizinisi amancane emiphakathini ukusiza intsha. **[30]**

2.4 **I-INTHAVYU**

Ungumethuli wezinhlelo zikaqedisizungu emsakazweni; 'Injabulo FM.' Namhlanje kuvakashe umlingisi kamabonakude odumile.

Bhala **i-inthavyu** ephakathi kwakho nalo mlingisi. **[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

## UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 **IFLAYA**

Umfowenu uvule indawo yokusiza abafundi abadinga ulwazi olwengeziwe ngezifundo zeziBalo nezeSayensi.

Bhala **iflaya** ezoheha abafundi abenza lezi zifundo. **[20]**

3.2 **UMYALEZO OMFISHANE *(SMS)***

Ugogo wakho ubegubha usuku lwakhe lokuqeda iminyaka engama-75 ngesonto eledlule. Ngezizathu ezithile wena awuphumelelanga kulo mcimbi.

Bhala **umyalezo omfishane** ozowuthumela kugogo wakho. **[20]**

3.3 **INKOMBANDLELA**

Ulaliswe esibhedlela. Isihlobo sakho sifuna ukuzokubona kodwa manje asiyazi indlela eya khona.

Bhala **inkombandlela** esuka esitobhini samabhasi ize iyofika esibhedlela ulandele imicibisholo njengoba injalo. Sebenzisa umdwebo osekhasini elilandelayo.

